BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215
www.bu.edu/Africa/alp
africa@bu.edu
617.353.3673

# Isaga 5: Akukho Soka Elingenasici

## Characters:

| | |
|---|---|
| Inkosikazi / Usomabhizinisi: | Sinethemba Shezi |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Nomfundo Cele |
| Umyeni: | Celani Zwane |
| Umngane: | Mdu Zondi |
| Umsebenzi 1: | TQ Zondi |
| Umsebenzi 2: | Mhlengi Zuma |

## Transcript

*Part 1*

| | |
|---|---|
| Inkosikazi: | Belunjani usuku lwakho? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Heyi O, ngikhathele, belulude. |
| Inkosikazi: | Sawubona. |
| Umyeni: | Yebo. Kunjani sithandwa sami? |
| Inkosikazi: | Ngiyaphila. |
| Uzakwethu esisebenza naye:: | Hawu, sawubona bhuti. |
| Umyeni: | Yebo kunjani? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Siyaphila. Unjani? |
| Umyeni: | Kuyaphileka kancane. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Heyi kuyasetshenzwa laphayana yeyeye..akuphunyulwa. |
| Inkosikazi: | Ninjani? |
| Umyeni: | Hhayi siyaphila? |
| Inkosikazi: | Belunjani usuku lwakho? |
| Umyeni: | Hhayi akufananga ya, ukuthi… |
| Inkosikazi: | Ehe…U-anti uhambe nini? |
| Umyeni: | Unama-awa amabili nje ehambili. |

| | |
|---|---|
| Inkosikazi: | Haawuu…umvumele kanjani ukuthi ahambe? |
| Umyeni: | Mina ngithi nivumelene phela ngoba… |
| Inkosikazi: | He-ene, ngizelwa abantu manje, bazo… kukhona ikhampeyini esizokhuluma ngayo, manje mina ngizokwenzenjani, bazotholani laba bantu ukusula imilomo nje? |
| Umyeni: | Ngoba baseza abantu ningazama ukuthi mhlampe nilungise something ngoba nina senifikile, nikhona, nizolekelelana. |
| Inkosikazi: | Hawe ma, Nomfundo? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Hamba O hamba, kuzolunga, kuzohlangana. |
| Inkosikazi: | Eyi…hawe ma. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Hamba ube uqala, ngizoza ngizokulekelela. |
| | [*Knock on door]* |
| Umyeni: | Ngena. |
| Umngane: | Dan mfo wasekhaya. |
| Umyeni: | Hawu Basta. |
| Umngane: | Kunjani mfowethu? |
| Umyeni: | Hayi kuyancengeka. Kuhamba kanjani? |
| Umngane: | Ngiyaphila mfana ngiyaphila. Hhayi mani, mfowethu mani, hawu, sawubona mntwana. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Hawu, sawubona, unjani? |
| Umngane: | Hayi ngiyaphila. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Hayi siphile sonke. |
| Umngane: | Okeyi,ngisabe ngisatheni mani mfowethu ake sihambeni siyoshaya shaya mfana wasekhaya. Iphi ifrowu? |
| Umyeni: | Hayi ikhona, ingapha ekhishini. |
| Umngane: | Phela awuyitshele khani sizohambani. |
| Umyeni: | Hhayi, ngingayitshela akunankinga. Nami kade ngilokhu ngihleli lana ngibulawa yisizungu. |
| Umngane: | Ubulawa yisizungu, asihambeni, asihambeni. Khuluma nefrowu, ngizokulinda. Ya ngizokulinda. |
| Umyeni: | Okeyi. Uyazi kufike uBasta la sithandwa sami, uthi ake sithi ukuthi kancane, silule izinyawo, kodwa sizobuya maduzane nje… |

*Part 2*

Inkosikazi: Awu! Nomfundo ngicela uze ngalana.

Uzakwethu esisebenza naye: Okeyi..hayi bo, engathi kuyasha nje lana, kwenzenjani?

Inkosikazi: Ifoni…Hello …er ha..

Uzakwethu esisebenza naye: Kanti upheka kanjani nje wena?

Inkosikazi: No! yes yes yes…

Umngane: Kuyasha wuu!

Inkosikazi: Uyazi kwenzekalani? Ngibatshelile.

Umngane: Mm, sosha phela hhayi bo.

Inkosikazi: No…ngishiye emafayili lapho phezu kwetafula. I hope niya-andastanda.

[*Knock on door*]

Inkosikazi: ...ukuthi le nkampani esidila nayo 2 miliyoni randi abawubekile phansi, etafuleni, nami niyangazi angihlangani nom.. nomsebenzi ongacacile kahle…ehe…ngicela ubambe kancane, kukhona enye ikholi engenayo., hello ya, oh hi Mr Mazibuko.. yebo…yebo..ehe..hhayi kumi ngomumo, kuyahlangana yebo, hhayi singahlangana nje ngabo-10 ekuseni, yebo, hhayi vede nje lindela okuhle nje …yebo okeyi, bye.

Uzakwethu esisebenza naye: Patience, sebefikile OMike…

*Part 3*

Inkosikazi: Sanibona.

Umsebenzi 1: Unjani sisi?

Inkosikazi: Ngiyaphila. Ngiyathemba nikuphethe konke esikudingayo.

Umsebenzi 2: Hhayi sikuphethe.

Inkosikazi: Nginganinika okuphuzwayo? Ningakuthanda okuphuzwayo?

Umsebenzi 1: E..ngicela iRasberi.

Inkosikazi: Oraythi.

Umsebenzi 2: Ikani lekhasela lingaraythi.

Inkosikazi: Oraythi, okeyi, Ngiyabuya manje.

Umsebenzi 1: Engathi kuyasha la.

Umsebenzi 2: Bayathosa.

| | |
|---|---|
| Umsebenzi 1: | Kwenzenjani? Kwangathi khona okuthile…. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Yeyi, usisi phela lo ushise ukudla. |
| Umsebenzi 1: | Hawu kahleni bo. |
| Umsebenzi 2: | Uyazi ngithi niyathosa. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Ngiyanitshela. Shh! Phela lo ave engakwazi ukwenza lutho. |
| Umsebenzi 2: | Hayi bo, emsebenzini … |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Ungambona, njengoba ngikutshela nje. |
| Umsebenzi 2: | Enza kahle kanje emsebenzini, ngimhlonipha kangaka. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Waziwa yimina, waziwa yimina, ekhishini akazi lutho. |
| Umsebenzi 1: | Yini angazi? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Unqunywe izandla. Phela akukho soka elingenasici la. |
| Umsebenzi 2: | Lisho uliphinde lelo. |
| Umsebenzi 1: | Yini lena eshayo kangaka? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Yirayisi. |
| Umsebenzi 2: | Irayisi? |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Irayisi. |
| Umsebenzi 2: | Sohamba singadlile la. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Hayi. Khohlwani impela. Nginganiphani okunye mhlawumpe eningathi ukubamba umoya ngako? |
| Umsebenzi 1: | Hhayi mhlawumbe okusamafruthana nje. |
| Umsebenzi 2: | Izithelo zinhle. |
| Uzakwethu esisebenza naye: | Impela engathi lokho kuzonisebenzela. Usisi lo! Shhh! |
| Umsebenzi 2: | Kesivele sisule imilomo. |